

# *IMIBUZO LEMPENDULO*

## *AMAHEBHERU ISIGABA II*

Ngifuna kuqala ukubonga munye lamunye wenu owathola umbiko uku “khulekela unkosikazi.” Ubegula sibili, sibili. Asikwazanga ukuthi kwakuyini, futhi asikwazi lokho okwathathi ndawo, yikuhanza okubi kakhulu nje futhi wayeqalekile sibili, futhi loqhuqho phose ikuhulu lokuhlanu, samgcina ethandelwe engutsheni ze ayisi. Ngakho... kodwa usekahle manje. Uqhuqho lonke alusekho, futhi ukahle. Ngakho ubuthakathaka kabi, ulahlekelwe phose ngamaphawundi alitshumi, ngiyacabangela. Kazange... Lobubusuku uginye akuhlafunileyo kwakhe okokuqala kusukela ngeSonto. Futhike wayegula sibili, futhi sathemba iNkosi ngaye, futhi nje Yamedlulisa ngalapho. Manje sifuna ukulitshela ukuthi liqhubeke likhuleka ukuthi athole amandla akhe njalo.

<sup>304</sup> Futhi manje, limpelaviki ezayo, iNkosi ithanda, kufanele ngiye eMiami. Umngane wami omdala, uMfowethu Bosworth, uya eKhaya, futhi uphosa abe leminyaka elikhulu ubudala manje. Futhi wangibiza, wathi, “Mfowethu Branham, woza ungibone khona kanye, ngifuna ukukutshela enye into ngingakahambi.” Futhi wa... Awu, ngicabanga ufunu ukungikhulekela, futhi nje abeke izandla phezu kwami engakahambi, liyazi.

<sup>305</sup> Futhi ngi—ngithemba ukuthi ngingaphetha insuku zami ngilodumo njengo F.F. Bosworth. Kuwo wonke amadoda engiwaziyo emhlabenzi, yonke indoda esengake ngahlangana layo emhlabenzi, Angikaze nginglangane lendoda engangifisa kakhulu ukuba njengayo, njengo F.F. Bosworth; njengo—njengo mtshumayeli, lokho engikutshoyo. Angikaze ngizwe umuntu oyedwa, emhlabenzi wonke, loba ngaphi, owake wenza isitsho esisodwa ngo F.F. Bosworth kodwa okwakuyinto yonke “umKhristu,” lento yonke “umfowethu oqotho.”

<sup>306</sup> “Ukwehlukana kutshiya ngemuva kwethu amanyathelo etshebetshebeni lesikhathi.” Ungumfowethu omangalisayo, futhi yena useluphele sibili manje, duze lekhulu. Ngakho u—uya eKhaya nje, yikho kuphela, futhi wangitshela. Wayesazi ukuthi wayehamba, futhi wayelindele nje. Wathi isikhathi esimnandi sempilo yakhe kukhona manje lapho nje elindele, kodwa wathi uzakubakwazi ukuthi wayesehamba.

<sup>307</sup> Ngathi, “Kumele ngiye eMichigan liviki, Mfowethu Bosworth.”

<sup>308</sup> Futhi wathi, "Awu, ungakwenzi kube yisikhathi eside kakhulu, Mfowethu Branham, Angeke ngibe ngisahlala okwesikhathi eside. Ngibabuthakathaka sonke isikhathi."

<sup>309</sup> Ngakho ubengumngane kakhulu kimi, ukuthi ngingayi khona. Manje, nxa ngingandizela khona, ngiza—ngiza ndiza ngibuyela futhi mhlawumbe ngiphenduke okwangeSonto ebusuku; nxa kungenjalo, awu, khona-ke kuzafanale ngitshayele, futhi kungangithathela isikhathi eside kancinyane.

<sup>310</sup> Futhi likhuleke uMfowethu Bosworth. Likhulekele nje ukuthi uNkulunkulu... futhi lapho Ethatha ukhokho omdala, ukuthi Uzathumela nje inqola yomlilo futhi amthathe, bona. Ngiyamthanda, ube njengobaba kimi.

<sup>311</sup> Enye indoda endala... yena loMfowethu Seward. Ngi—nkingathi ngiyeyamela ebantwini abadala, ngi—ngiyabathanda. Futhi uMfowethu Seward omdala, wahamba ukuyalala njenga lokho, laye. Ngoba, uMfowethu Seward wayengekho mdala kangaka, angicabangi, njengoMfowethu Bosworth.

<sup>312</sup> Futhi khulekelani uMfowethu Bosworth. Into yonke kayibutshelezi ngasendaweni, kodwa ku—ku... Ufuna imikhuleko yethu, kodwa hatshi kangako okungasilutho kodwa nje eyakhe... ukuthi uNkulunkulu uzamvumela ahambe ngokuthula.

<sup>313</sup> Manje... Futhi-ke sifuna ukukhumbula, njalo, ukuthi kusasa, iNkosi ithanda, singcwaba omunye wabangane bethu waleli bandla, uMfowethu Sol Coates. Ubelapha izikhathi ezithile, wasebenza ewofisini yeposo okweminyaka. Futhi ufele esiBhedlela seVeterans ngobunye ubusuku. UMfowethu Cox lami sahamba ukuyambona, futhi wayele... phansi kakhulu. Futhi uhambile manje, umKhristu. Futhi sizakumngewaba kusukela eCoots Funeral Home kusasa emini ngeholo lokuqala nta, uMfowethu Neville lami. ONEville abathathu bezomculo bazakube behlabela; futhi sizakube sintshintshanisana izinkonzo, uMfowethu Neville lami. Lokho yikuthi, angizange ngibe kwazi lapho sisenza amalungiselelo nje ukuthi kuyini, langokumayelana ngoMeda. Futhi-ke, khona-ke, umngcwabo wakhe uzakuba kusasa emini ngeholo lokuqala nta, eCoots Funeral Home.

<sup>314</sup> Futhi-ke, ngeholo lesibili nta, ngoLwesihlanu, uMnu. Wheeler. Sasimbiza ngokuthi Pod Wheeler; yena ungu, ngiyakholwa sibili lelo elakhe eliqondileyo... Futhi, liyazi, ngi—ngikubone nje ephepheni futhi angizange ngibe kwazi ukuthi kwakungubani, ngaze ngakufumana. Wayengumakhelwane wethu okweminyaka, futhi—futhi usedlulile nje. Waye khona lapha phambi kwebandla, ngobunye ubusuku, futhi ngangizama ukumthola ukuthi abuye ebandleni. Ngobunye ubusuku, phose amaviki amathathu edluleyo, wema khona lapho, futhi ngizama nje ukumncenga ukubuya ebandleni.

Ngoba, kangicabangi ukuthi wahamba ebandleni kumbe loba yiwuphi umsebenzi awufundelayo waloba luphi uhlobo, kodwa ulomfana ongumtshumayeli weBaptisti. Kodwa wayengela ngitsho umsebenzi awufundelayo ngokwazi kwami, futhi usehambile manje ukuhlangana loNkulunkulu. Ngakho lokho kuzakuba ngoLwesihlanu emini ngeholo lesibili nta eCoots Funeral Home. Futhi njalo, uMfowethu Neville labo bazakube behlabela, lakulowo mngewabo khonale.

<sup>315</sup> Futhi-ke, nxa loba nguphi wenu efuna ukubuya ezinkonzweni, kukusasa ngeholo lesibili, kumbe, kusasa ngelokuqala. Ngicabanga ukuthi lokho kuhle. Akunjalo na, mflowethu? Futhi ababili, lomunye. Kunjalo na? Ababili, eCoots Funeral Home.

<sup>316</sup> Futhi manje, ngeSonto ekuseni...ngoMgqibelo kuzakuba ngumsakazo. Futhi uMfowethu Neville mhlawumbe uzakulazisa, ngaleso sikhathi, nje lokho...uba singaba lenkonzo yosiliso okwangeSonto ebusuku, kumbe isikhathi leso esizakuba sesiphendukile nxa ngingandizela e—eFlorida ukubona uMfowethu Bosworth. Kangazi nje ukuthi ngingasuka njani kuye, yena ungumngane omdala othandekayo. Futhi mhlawumbe izikhathi zethu zokucina ukuhlangana, nxa, iNkosi ikuvumela, kulo umhlabo. Futhi wa....Angikwazi ukuthi ngingasuka kuye khona kanye kumbe hatshi; futhi kangifuni ukuhamba khatshana laye, kodwa, liyazi ukuthi kunjani, ulezinye izinto okufanele uzenze.

<sup>317</sup> Manje kulesitsho esisodwa engizathanda ukusitsho lapha lapho kungela abanengi, futhi abantu abangabangane bami.

<sup>318</sup> Ngiyathokoza ukubona uDade Smith lapho. Isikhathi sokuqala ngimbona emuva okwesikhathi eside. Unjani Dade Smith? Umnyaka, minabo, ngiyakholwa isikhathi sokucina ngikubona...[uDade Smith uyakhulum—Mhl.] EBenton Harbor, ngiyathembra ukufika phezulu lapho ngesinye isikhathi. Kuhle lokho. Ngiyakholwa isikhathi sokucina ngikubona, kwakusenkonzweni yomngewabo eLouisville. Futhi ngiyamkhumbula uDade Smith kuhle kakhulu. Ukuthi sasi.... Ngangivame ukubuya ngimthathe erolini lapho sisiya phansi ebandleni. Ithara endala yamalahle ilenga phandle ngemuva kwayo futhi amafenda ephephetheka phezulu laphansi, futhi kuqanda; futhi mina, unyawo olulodwa luhlezi phandle. O, minabo! Amanzi amanengi edlulile phansi emfuleni kusukela lapho, Dade Smith. Yebo, mnumzana. Awu, siyabonga iNkosi ngaleylo mikhumbulo eligugu, futhi lokhe siMthanda.

<sup>319</sup> Into eyodwa, omunye angamangala, ngobunye ubusuku.... Ngangikhulum loMfowethu Fleeman phandle lapha esitaladeni. Futhi kwezinye izikhathi omunye umuntu wathi, "Khona masinya lapho inkonzo isiphelile, kuyini okwenza uMfowethu Branham nje asuke futhi ahambe?"

<sup>320</sup> Nanku okuyikho, umkami uyedwa. Bona? Futhi nxa ngingaqala ukukhuluma, ngizakhuluma ingxenyeyobusuku, futhi nango elapho, ehlezi lapho eyedwa isikhathi esinengi. Futhi yiso isizatho ngiphangisa ukuphuma, ukubuyela kuye, uyabona, okwesikhathi sobusuku; ngoba ngingaqala ukukhuluma, ngikhuluma isikhathi eside. Ngikhuluma *kulowu* ingxenyeyehola. Angeke nje ngihambe futhi ngithi, “*Unjani lobubusuku? Unjani? Unjani?*” Kangikwenzi lokho. Ngiyama nje futhi ngiqale ukukhuluma; futhi omunye umuntu aqale ukukhuluma mayelana ngenye into, futhi-ke ngilapho okwehola. Bona? Futhi yiso isizatho, uyahlala futhi alindele lokunjalo. Futhi yiso isizatho kunjalo. Ngangingafuni nje ukuthi licabange ukuthi kwakungenxa yokuthi ngangingafuni ukuhlangana labangane bami futhi ngixhawule izandla zabo, futhi ngitshengisele ubudlelwano bethu lokunjalo, kodwa kwakuyindaba yalolo hlolo.

<sup>321</sup> Ngakho, manje, wonke umuntu kabe semkhulekweni ngabagulayo labahluphekileyo.

<sup>322</sup> Futhi uNkz. Harvey ukulolonke lolohlupho, usesiba kahle. Yebo, mnumzana. Futhi kangiboni... Ngi... Manje kungaba khona, ngokwazi kwami, omunye, udokotela lapha. Futhi nxa ngilahlekile kulipulatifomu, Nkulunkulu ngithethelle. Kodwa ngiyakholwa uNkulunkulu uzabapha umlandu odokotela ngalokho abakwenzayo kulowomfazi. Ngi—ngiyakholwa ekuhlinzweni, ngiyakholwa emithini. Ngeqiniso, ngiyakukholwa. Ngiyacabanga uNkulunkulu wabathumela lapha ukusisiza, nje ngokufanayo Wathumela omakanika bezimota lokunjalo. Kodwa lowo mfazi omncinyane, udokotela wayemialisile futhi wathi, “Wayegcwele imvukuzane, akulantogenenziwa.” Umama omncinyane wexuku labantwana.

<sup>323</sup> Ngehla ngaya kuye, futhi ngazama ukuchasisa kuye ukuthi kanjani ngomkhuleko... Futhi—futhi ungumfazi omutsha nje, phose amatshumi amabili lanhlanu. Futhi lokuthi uNkulunkulu wasilisa kanjani ingane yakhe encinyane, ibizwa ngokuthi “ingane yesimanga” khona esibhedle sabantwana manje, ngemeninjayithisi. Futhi okwesimo esesabekayo kangaka so—somfo omncinyane esasiyikho, futhi iNkosi yakusilisa khona kanye. Bona, odokotela, abazange bakuzwisise. Ngehla ngaya kuNkz. Harvey, futhi ngathi, “Manje, Nkz. Harvey, odokotela sebekudelile?”

<sup>324</sup> “Yebo, mnumzana. Kuyi...”

<sup>325</sup> Futhi indoda yakhe yathi, “Yebo, kakula lutho olungenziwa, ugcwele imvukuzane ngokupheleleyo.”

<sup>326</sup> Ngathi, “Awu, manje lokho esifuna ukukwenza, yikukholwa uNkulunkulu, ukuthi uNkulunkulu uza—uzasilisa u... akusilise.” Futhi ngathi, “Ukuthi kwenzakala njani, imvukuzane ingeke isuke khonalapho; kodwa nxa singakhuleka, khona-

ke impilo yemvukuzane iyasuka. Ungagula okwesikhathshana esithile, futhi—futhi” ngathi “ungathola ukungezwa ubuhlungu khonapho.” Futhi ngathi, “Khona-ke emva kwamalanga amalutshawane untagula kakhulu ukwedlula lobanini.” Kodwa ngathi, “Kufanele ufake ukholo lwakho ukumelana lemvukuzane.” Ngathi, “Nxa imvukuzane ingaphila, uyafa. Nxa imvukuzane isifa, uyaphila.” Futhi ngathi, “Manje sizakhuleka.”

<sup>327</sup> Futhi sakhuleka, lobufakazi bonke engabubonayo, uNkulunkulu wathinta umzimba womfazi. Futhi masinyane waba ngcono, wahamba ukuya bona umama wami, wavakatsha esigaben, (lapho esasesosizini olunjalo nje) wayengasela zinhlungu. Futhi-ke emva phose kwamalanga amathathu waqala ukugula njalo.

<sup>328</sup> Futhi-ke kwasekutholakala ukuthi idolobho lalithe ukuthi liza “lizakubhadala isikwelede sikadokotela, nxa odokotela bengakuhi.”

<sup>329</sup> Futhi manje nxa ngiphambanisile, Nkulunkulu ngithethelle. Kodwa bathatha lowo mama osemutsha, benza “umuntu wokuhlolela phezu kwakhe” ngaye. Bamkhuphela lapho, futhi bakhupha amathumbu esiswini sakhe, lakho konke. Bakhupha konke umthambiso futhi lokusebenza kwezibilini, futhi bakufuqela phandle emaceleni. Futhi waba setafuleni yokuhlinzelwa amahola ayisificamunwemunye lokunjalo. Umongikazi wathi, “Kwakhangeleka njenge silaheni, lapho abaphosela ezangaphakathi zakhe indawo ngendawo, futhi bafaka isibeletho seplastiki lamatshubhu eplastiki.” Lokho kusobala, kodwa kuliqiniso. Lezibilini zeplastiki lezinto ezinje ngalezo, futhi batshiya umfazi elele kuleso simo, umama omncinyane. Ngithi, ngendlela yami yokukucabanga, lawo madokotela balecalalokubulala.

<sup>330</sup> Wabatshela, wathi, “UMfowethu Branham ungikhulekele.” Futhi wathi, “Sizakholwa ukuthi imvukuzane yethu...ukuthi imvukuzane isifile.”

<sup>331</sup> Wathi, “Ngilezindaba ngawe, ‘Imvukuzane yakho iyaphila.’”

<sup>332</sup> Engakubona kanjani? Kwakungaphakathi, akula x-ray engakutshengisa. Imvukuzane iyi...Awungeke utshengise imvukuzane nge x-ray iyinyama ngokwayo, kawungeke uyibone. Kulento eyodwa kuphela yokwenza, baquma phakathi komfazi futhi bamquma waba yiziqa. Yikho kuphela. Manje nxa bekungumama omncinyane, Ngingamyekela nje avivinye ukholo lwakhe ngoNkulunkulu kulokwenza u “muntu wokuhlola ngaye” komunye umuntu njenga lokho. Manje nxa ngi—nxa ngingalunganga, nxa ngi—nxa ngile njongo engalunganga, ngifuna uNkulunkulu angithethelle, liyabona. Ngoba angifuni ukuthi licabange ukuthi angikhholwa ekuhlinzweni kumbe angikhholwa kubodokotela lezinto. Lokho

kulungile. Kodwa ngicabanga ukuthi ufanele ubekwazi lokho okwenzayo ngaphambi kokugebha phakathi komuntu, hatshi ukubasebenzisa nje okokufundela phezu kwabo njenga lokho. Kunjalo. Futhi manje, ngoba, angeke aphile. Yikho kuphela. Nxa engaphila, ngeqiniso kuzakuba ngesinye sezimanga esikhulu esake senzakala. Lapho umfazi ekhangela phansi futhi wabona ukuthi izibilini zakhe zikwelinye icele, lezinso zakhe zimele zisebenze kwelinye icele, wedlule nje njengalokhu, wedlula... Ngani, kwakungasilutho... into encinyane edubekayo yayisihambile. Futhi nje umama oleminyaka phose engamatshumi amabili kumbe amatshumi amabili lanhlanu ubudala olabantwana abathathu kumbe abane ukukhulisa. Into elusizi kakhulu engake ngayizwa empilweni yami. Ngathi, "Ngendlela yami yokukucabanga, udukotela ulecalala loku..." Nxa wathatha lowo mfazi nje okokufundela phezu kwakhe ngoba idolobho laliyakukubhadalela, khona-ke lokho kubi, akufanelanga kuvunyelwe.

<sup>333</sup> [Omunye uyabuza ukuba uNkulunkulu engambuyisela umfazi—Mhl.] Awu, ngiyakutshela, mflowethu, akutsho ukuthi kungeke kwenzakale. Futhi ku—akusikho... Ku—kuyenzeka, futhi njalo kungeneliseka. Ngoba ngiyazi umuntu owayekhutshwe ingalo, eCalifornia (lonke liyakulandeela ephepheni), wakhulekelwa, futhi *lingalo* yayikhutshiwe phezulu *lapha*, isikhulile phansi kwaze kwathi iminwe yayisimila kiyo manje; endololwaneni, esihlakaleni, esandleni, lasengxenyeni zemalungeni esandla kwasokubuye eminweni, liyabona. Kuse, ngiyakholwa, uMmemezeli woKholo inyanga ngayinye. Loba lapho esethole isandla sakhe njenga *lokhu*, watshanegisa khona lapho ingalo yakhe eyayiphume khona, lapho esimile khona. Inyanga ngayinye ukuthi ibuye njani, okwakungaba ngumnyaka.

<sup>334</sup> [Umfowethu uyakhulumu njalo—Mhl.] Sibili, kunjalo. Ngiyakholwa... Ku—ku—kuyinto engavamanga, bona, kuyinto engavamanga sibili. Kanye ngesikhatsana sengake ngezwa ngakho. Manje, loMflowethu Bosworth, wakhulekela umfazi ngobunye ubusuku. Futhi ngangiloyedwa emhlanganweni wami. Kodwa okaMflowethu Bosworth waba khonapho; owami wathatha isikhatsana esincinyane ukukwenza.

<sup>335</sup> Wakhulekela umfazi... Manje, ngabala ubufakazi bomfazi. Wayelemvukuzane, engelakhala; yayidle ikhala lakhe. Futhi ukusa okulandelayo umfazi wayeselekhalo. Manje, ngiyazi lokhu... Manje, lowo ngokaMflowethu Bosworth, ebhukwini lakhe elithiwa uKhristu *UMsilisi*, Ngiyakholwa, kumbe, *Umlethi weNjabulo*, oyedwa. Manje, kusebufakazini bomfazi, lebizo lakhe lekheli. Futhi ulabomakhelwane labodokotela lakho konke ukukufakaza, ukuthi kwenzakala.

<sup>336</sup> Manje, eLittle Rock, Arkansas, obunye ubusuku ekamelweni, ngangikhuleka lapho... hatshi iLittle Rock, kodwa

iJonesboro. Ukuthi ngangikhuleka...Ngathi, "Ngizahlala ngize ngikhulekele umuntu wokucina." Ngangilensuku eziyisificaminwembili lobusuku kuplatifomu, bona. Futhike...futhi ekamelweni kwakukhona umfazi owabuyayo, wayelehenki yakhe phezulu njenga *lokhu*, futhi ngacabanga ukuthi wayekhala. Futhi ngathi...O, ngithemba kwakulihola lesibili kumbe elesithathu nta ekuseni, Ngathi, "Ungakhali, dadewethu, uNkulunkulu nguMsilisi."

<sup>337</sup> Wathi, "Angikhali, Mfowethu Branham." Wakususa; wayengelakhala, bona. Odokotela babethe...Imvukuzane yayisidle phansi ethanjeni elimhlophe phakathi lapha...abetshengisa. Futhi ngangimkhulekele, futhi ngacela iNkosi ukumsilisa.

<sup>338</sup> Futhi phose amane kumbe amahlanu amaviki kusukela lapho, ngangise Texarkana. Futhi kwakukhona indoda ehloniphekayo egqoke kuhle ehlezi lapho, wathi, "Ngingaba lelizwi nje, Mfowethu Branham?"

<sup>339</sup> Masinya lapho efika phezulu kupulathifomu, omunye wamaasha wazama ukumenza athule. Ngathi, "Awu, asiboneni."

<sup>340</sup> Wathi, "Uyalinanzeleta ikhosikazi leli elincinyane?"

<sup>341</sup> Ngathi, "Hatshi, angilinanzeleli."

<sup>342</sup> Wathi, "Nxa ungakhangela kulu mfanekiso uzakulinanzeleta." Futhi wayengumhloli e-eTexarkana, futhi lowo kwakungumama wakhe elekhala elitsha elihlumileyo, nje elibunjwe njengeliney.

<sup>343</sup> Manje lokho kuyatshengisa ukuthi uNkulunkulu...ngikubonile kusenziwa. Manje, uNkulunkulu engakwenza lokho kuNkz. Harvey omcinyane. Futhi ngiyakhuleka ukuthi Akwenze, ngoba into encinyane ifuna ukuphila.

<sup>344</sup> Mfowethu Tony, uke waba lenye into?

[UMfowethu Tony ubika usiliso—Mhl.] Kunjalo.

Ameni. Ameni. Yebo, lokho kuhle, futhi. Yebo, Ngeqiniso uzakwenza, UngoMsilisi.

[Umzalwane ukhulumma kuMfowethu Branham—Mhl.] Yebo. Yebo. Yebo, mfowethu. Ameni. Sibili. Yebo.

<sup>345</sup> Ngizakwenza sibili...Awu, ngithemba ukuthi uNkulunkulu angakubuyisela kuwe, ndodana, ungakuthatha ukubuyisele futhi umtshengise. Yikho khona kanye. Kungokobufakazi kulo udumo lukaNkulunkulu, khuleka ukuthi uNkulunkulu akwenze. O, Yena—Yena...Nxa enguNkulunkulu uSomandla, Angenza zonke izinto. Nxa Engeke akwenze, zonke izinto, Akasuye Nkulunkulu uSomandla.

<sup>346</sup> Kulenyne into esenze lokho esiyikho, ngendlela esiyiyo, kungenjalo sasizakuba sibe le-lekhanda elinjengenyoni, kumbe enye into enjengalokho, nxa kwakungela buNgcitshi

ngemuva kwethu ukwenza munye wethu elesimo, ukwenza isihlahla som-okhi, isihlahla sompopla, isihlahla selala lo-lokwehlukanisa phakathi kwazo lokho—lokho eziyikho. Ungasenzi sibe le . . . abanye beloboya, abanye belensiba, labanye lezikhumba, okokuthi wena . . . Bona, ku—kuyibuNgcitshi ngemuva kwalokho, lokho—lokho okubusa lokho. Yebo Ubamba into zonke ezandleni zakhe. Futhi ngiyazi ukuthi Angenza izinto zonke. Futhi sizakukhulekela, sizakhuleka.

<sup>347</sup> [Umfowethu ukhulumu kuMfowethu Branham—Mhl.] Kuqondile. Sile . . .

<sup>348</sup> [UDade Snyder uthi, “Mfowethu Billy, uxolo.”—Mhl.] Yebo, mama, kulungile, qhubekela phambili. [UDade Snyder ubika ukuthi wasiliswa lapho uMfowethu Branham emkhulekela ngeSonto edluleyo.] Amen. Liyazi, ngizame ukucabanga, Dade Snyder, kwesinye isikhathi lapho ngimile lapha kulologcobo, ngacabanga . . . ngatshela uMfowethu Cox, ngathi, “Angiyikuzama futhi okwaleyo mihlangano yokudalula phansi ethabhanekelini.” O, awukwazi ukuthi udeveli ungiluma njani esidindini, dadewethu. Ukuthi ukwenza kanjani—kanjani! Liyazi, engitshela mayelana ngokudalula lokho.

<sup>349</sup> Futhi lapha, kwenzakala ukuthola udadewabo kaNkz. Wood lapha . . . Ngangingakaze ngibone abantu bakibo. Ixuku labo lasiliswa kuleso sikhathi, lomuntu wonke . . . Ngani, uyazi, kwakuyi phesenti enkulu yalabo bantu abasiliswayo. Futhi emva i . . . Into emangalisayo manje: udadewabo, Ngangidle laye ukudla kwantambama ngobunye ubusuku, phose amaviki amabili ngaphambi kwalokho . . . O, kuphansi ezintabenze Kentucky, futhi ngi—ngiyazi nje ukuthi wayelelizwi elinjengelikaNkz. Wood, futhi kwakungakhanyi kakhulu ekamelweni. Futhi angizange ngimnake kungenani, ngangi, ngakhulumu ikakhulu endodeniyakhe, walungisa ukudla kwantambama. Futhi saphuma phandle futhi sahlala futhi sadla; futhi saphenduka phakathi, ngakhulumu lendoda yakhe, ngasukuma futhi ngaya phandle. Futhi uNkulunkulu OnguMahluleli wami oqotho uyakwazi (ngimile ngakuliphuluphithe) Angizange nginanzelele lowo mfazi.

<sup>350</sup> Futhi—ke emva inkonzo yosiliso isiphelile, ngenza ubizo lwé-altare ukuthi izoni ziphenduke. Futhi wayelobuqholo kakhulu emelana Lakho; futhi waphenduka futhi wanikela impilo yakhe kuKhristu, waphakamisa isandla sakhe ukuthi uzanikela impilo yakhe kuKhristu, futhi wayekhala. Ngemva ugcobo lonke soluphelile, ngisenza ubizo ku-altare, lokunjalo. Futhi—ke ngenza ukutshibilika, futhi nanku umbono, futhi ngabona umfowakhe; owayengudade, lowu kwakungudadewabo, labo ndawonye.

<sup>351</sup> Futhi ngacabanga ukuthi kwakungumkaCharlie, ngoba ngazi nighlezi etafuleni ngolunye usuku, phansi lapho e—endlini

kaCharlie... Umkakhe omncinyane, into encinyane, iNkosi yangitshengisa uhlupho lolo ayelalo. Futhi kusukela kulelo hola, iNkosi yathinta umzimba wakhe, ehlezi lapho etafuleni yakhe manje. Tony, lapho esasikhona, phansi-le, sahamba ukuyazingela osinti. Futhi iNkosi yathinta umzimba wakhe futhi wathatha linto ayemele ayigqoke sonke o... okwempilo yakhe yonke, isuke kuye; ehlezi lapho nje. Futhi umfazi omncinyane wayehlezi esidla kolunye uhlangothi lwetafula, kodwa lamuhla, weza ngalapho, futhi wangenisa isihlalo sakhe phakathi, futhi wadla eseceleni kwami. Akazange abe kwazi lokho ayekwenza. Indoda yakhe ihlezi njenga *lokhu*, futhi uMfowethu Banks ehlezi lapho, lathi sikhulumha. Futhi wahamba ngalapho, futhi wathatha isihlalo sakhe, futhi wasibeka lapha eceleni kwami. Futhi kwaku ngokwenjongo, iNkosi yatshengisa umbono khona lapho. Futhi ngabizela indoda yakhe phandle, ngoba kwakulohlupho lwekhosikazi, ngaqala ukumtshela mayelana ngalokho okwenzakalayo. Wathi, “Mfowethu Branham, yiyo kanye indlela okwenzakale ngayo, khona kanye njengalokho.” Futhi lapho wamtshela, futhi iNkosi yamsilisa. Kulungile.

<sup>352</sup> Futhi-ke emva inkonzo isiphelile ngobunye ubusuku, futhi lo omunye udade, ngabona luCharles omncinyane lomfazi lowu bendawonye. Ngacabanga, “Lowo kumele abe ngumkakhe; kodwa umkakhe ulezimhlotshana, futhi lowu ngumfazi olekhanda elimnyama.” Futhi ngenzakala ukunanzelela umbono waya ekhoneni lapha. Futhi wayehlezi lapho esesula amehlo akhe leNkosi yatshengisa umbono emva kokuba yena... ubizo ku-altare... emva umhlangano womkhuleko usuphelile, ukusiliswa kwabagulayo, lobizo ku-altare solwensiwe, futhi uNkulunkulu walindela waze waphenduka futhi wanikela impilo yakhe Kuye futhi-ke watshibiliqa futhi wamsilisa. Futhi wayele... inhlupho zakhe zazimvuvukisile okweminyaka. Futhi wehlile phansi kakhulu, lento yonke, kwaze kwathi lenyawo zakhe zatshwabhana lapho konke kusedlula kuye (itshefu) emzimbeni wakhe. Uzwa ngcono ukwedlula ake wakuzwa eminyakeni, bona. Lokuthi kanjani iNkosi ngomusa Wayo omangalisayo wenza lokho! Ngicabanga yikho okumayelana ngendaba; akunjalo, Dade Wood? Futhi Ukwenza njani! Emva... Uthini? [UDade Wood uthi, “Ulahlekelwa ngamaphawundi ayisikhombisa iviki edluleyo.”—Mhl.] Amaphawundi ayisikhombisa evikini. O, UnguNkulunkulu, Akasuye na?

<sup>353</sup> Manje, ngizalitshela, isizatho ngikhulume kuMfowethu Neville... Ngacabanga mhlawumbe ube lombiko walobibusuku. Wathi, “Hatshi,” wayengela. Futhi ngilemibuzo emilutshwana lapha eyayisele, Ngezwa ngibotshelwe okwesimilo ukufika phansi lapha futhi ngiphendule limibuzo. Khona-ke ngileminye emibili kumbe emithathu mhlawumbe angisoze ngiyithole lobibusuku.

<sup>354</sup> Ngifuna ukulitshengisa eminye esanda kungeniswa ivela kumtshumayeli. UMFowethu Neville nje, kumbe, uBeeler bayilethe nje kimi. [UMFowethu Branham uphendula imibuzo elandelayo eyisificaminwembili kuSigaba III, njengemibuzo 67 kusiya 74—Mhl.]

**Kuyini amatshe akumelayo kuSambulo 21:19 lo 20?**

**Chasisa izilo ezine zikaSambulo 5... Utsho u 6; akusuye Sambulo 5, ngu 6 ngiyacabanga.**

**Futhi ngobani abadala abangamatshumi amabili lane?**

**Kuyini lokho intambo ebomvu kaGenesi 38 ekutshoyo?**

**Zithunyelwa ngaphi izipho mayelana lokufa kwabafakazi ababili, uSambulo 11?**

**Bazakuba bengaphi abangcwele emva kokubusa kweminyaka eyinkulungwane? Futhi luhlobo bani lomzimba abazakuba lawo?**

**Sizakwahlulela njani ingilos?**

**Zinwele bani eziba ngezengilosи zabaseKhorinte bokuQala?**

<sup>355</sup> Khuluma ngeminye emihle, leyo ngeminye emihle. Mhlawumbe angisoze ngifike kiyo lobubusuku, kodwa nxaiNkosi ithanda, Ngizazama ukufika kiyo isikhathi esilandelayo singena okwalokho.

<sup>356</sup> Ngileminye emihle phakathi lapha lobubusuku; ngakho sizakukhuleka nje manje futhi sicele iNkosi ukuthi isisize, futhi siyangena khona phakathi kwayo okwelandelayo, o, amatshumi amathathu lanlanu, imizuzu engamatshumi amane.

<sup>357</sup> Manje, Baba oseZulwini obusisekileyo, silokubonga Kuwe ngakho konke lokho Osenzele khona. Futhi, o, kuyamangalisa kakhulu ukuthi kanjani umusa Wakho ufinyelela kanjani phansi kithi. Ngiyacabanga manje, ngobunye ubusuku, futhi lowo mgane wami omncinyane, o, egula kakhulu, futhi Wabuya enkundleni. Uqhuqho lwakhe lwaqalisa ukwephuka kusukela kulelo hola, futhi solupheli ngokupheleleyo manje. NgiyakuBonga. Futhi i...ngikhuleka nje ukuthi Uzakuba lomunye lamunye lowo ocele isicelo lobubusuku. Futhi kasazi lakancinyane, kuze kubuye ekhaya lethu uqobo, lokho okukutshoyo, umkhuleko omcinyane. O Nkulunkulu, kuyini... ubaqotho kanjani—kanjani obayikho. Kulelo hola lapho udokotela ezasuka ahambe, futhi athi, “Angikwazi angikaze ngibone ulutho lusenza njengakho,” futhi-ke iNkosi uJesu iyangena enkundleni.

<sup>358</sup> O Nkulunkulu, Uqotho kithi, futhi siyajabula kakhulu ngakho. Siyakhuleka Usixolele ngazo zonke indlela zethu zokuvilapha, lendlela zethu zobuwula. Futhi, o, usikhumbule nje, Nkosi, ukuthi singabantu benyama emhlabenii omnyama, umhlaba wobumnyama lesono lengxube. Futhi sikhangele

ngeveyili, njengoba kwakunjalo, ebusweni bethu, futhi siyabona kuphela futhi sikhazi njengoba sisenza njengabantu lapha. Kodwa ngolunye usuku lapho leyo veyili iphakanyiswa, sizaKubona ubuso ngobuso njengoba sisaziwa. Lusuku esilulangazelelayo.

<sup>359</sup> Siyahkuleka Baba, manje, ukuthi Uzasisiza lapho sizama ukunikeza ebantwini iLizwi likaNkulunkulu, njengokwezicelo zabo. Susa yonke imikhuhlane kithi. SiyaKudinga, Nkosi. Futhi siyahkuleka ukuthi Uzakupha. Makuthi isihawu Sakho sinikezwe kithi, ngoba sikucele eBizweni likaJesu. Ameni.

<sup>360</sup> Manje, ekuphenduleni imibuzo, angisuye omkhulu elizweni, liyazi. Kodwa ngizaphendula ngolwazi lwami olukhulu.

<sup>361</sup> Nanku omunye engaqala ngawo ngobunye ubusuku, futhi kwasekumele ngime:

**60. “NgoMoya munye sonke sibhaphathiziwe emzimbeni kaKhristu.”** (Lonke liyakhumbula ukuthi lowo kwakungumbuzo engangikiwo. Manje lokho kutholakala, yebo, kwabaseKhorinte bokuQala 12) . . . **Ngesikhathi esi . . . samukela ukuzalwa okutsha, lokhu kuthathi ndawo. Kuyi lokhu . . . Ngabe lokhu kuluBhaphathizo lukaMoya oNgcwele, kumbe kukhona ubhaphathizo olulandelayo, kumbe kungabe kuyikugcwalisa?**

<sup>362</sup> Manje, kungumbuzo sibili, futhi singaqeda isikhathi sethu sonke khona kuwona lowo, futhi lobubusuku lakusasa ebusuku lokunjalo. Kungagoqela . . . kunga–kungathatha njalo kubophe iBhayibhili lonke ndawonye. Wonke uMbhalo kufanele ubophane ndawonye lomunye uMbhalo eBhayibhilini.

<sup>363</sup> Kodwa nje sizama ukwenza nje ngamafitshane, ngokusobala engingakwenza, hatshi; lapho ukholwa eNkosini uJesu Khristu, khona-ke uba lokuzalwa okutsha. Lapho ukholwa eNkosini, wemukela umcabango omutsha, impilo entsha, kodwa akusilo Bhaphathizo lukaMoya oNgcwele. Bona? Ulokuzalwa okutsha lapho ukholwa, uleMpilo elaPhakade. Kuyisipho sikaNkulunkulu esiphiwa kuwe kudlulisela ngomusa wokuzithandela ngokwamukela isipho uNkulunkulu akunika sona. “Lowo–lowo ozwa aMazwi Ami futhi akholwe Kuye oNgithumileyo, uleMpilo elaPhakade.” UleMpilo engapheliyo; yikho ukuzalwa okutsha, usuphendukile, kutsho ukuthi u “tshibilikisiwe.”

<sup>364</sup> Kodwa uBhaphathizo lukaMoya oNgcwele lukubeka emzimbeni kaKhristu, ngaphansi kwezipho zenkonzo. Akukwenzi ube ngumKhristu owengeziweyo, kukubeka emzimbeni wezipho. Bona? “Manje, ngoMoya munye” (AbaseKorinte bokuQala 12) “sonke sibhaphathizelwe emzimbeni munye. Manje,” kutsho uPhawuli, “kulezipho ezechlukeneyo, futhi kulumzimba yizipho zikamoya eziyisificamunwemunye.” Futhi kulumzimba . . . Kufanele

ubhaphathizelwe emzimbeni ukuba lesinye salezi zipho. Ziza lomzimba.

<sup>365</sup> Kodwa, manje, ngokuba leMpilo elaPhakade lokuba ngumKhristu, ungumKhristu ngesikhathi ukholwa. Manje, lokho akusikho ukuzenzisa, lokho yikukholwa ngeqiniso eNkosini uJesu futhi uMamukele njengoMsindisi oqondene lawe; uzelwe kutsha khona lapho, futhi uleMpilo elaPhakade. UNkulunkulu ungena kuwe.

<sup>366</sup> Manje khangela, iMpilo elaPhakade; uJesu wathi, “Lowo ozwayo aMazwi Ami futhi akholwe Kuye oNgithumileyo, uleMpilo elaPhakade, futhi akasoze abuye ekwahlulelwemi kodwa usedlule ekufeni waya ekuPhileni.” Uyisidalwa esitsha khona lapho. Khona-ke uPhawuli wayehlangane labanye balabobantu, phezulu kuMisebenzi 19. Babelomtshumayeli phezulu lapho owaye yisazi somthetho esaphendukayo obizo nguApolosi. Futhi uApolosi wayeyindoda elamandla eMibhalweni, futhi wayefakaza ngeMibhalo ukuthi uJesu wayenguKhristu. Bona?

<sup>367</sup> Manje khangela. UApolosi, ngeLizwi, wayefakaza ngeLizwi. “Ukholo luza ngokuzwa, ukuzwa iLizwi. Lowo ozwayo iLizwi Lami, futhi akholwe Kuye oNgithumileyo, ulempilo engapheliyo.” Liyakuthola? UApolosi, ngeLizwi, wayefakaza. Futhi laba babengamaKhristu, babengabalandeli, abafundi. Futhi uApolosi wayefakaza ngeLizwi, ukuthi uJesu waye nguKhristu. Futhi babelentokozo enkulu futhi bemukela iLizwi, kukanti besazi kuhphela ubhaphathizo lukaJohane.

<sup>368</sup> Futhi lapho uPhawuli esedabule ilizwe elingasenhla kweEfesu, uyathola abafundi laba futhi wathi, “Lamamukela uMoya oNgcwele selokhu lakholwayo?” Bona?

<sup>369</sup> Manje, lapho ukholwa, uJesu wathi, “UleMpilo elaPhakade.” Lokho yikuzalwa okutsha. Lokho yikuphenduka kwakho, uguquka. Kodwa uBhaphathizo lukaMoya oNgcwele kungamandla kaNkulunkulu obhaphathizwa kuwo futhi singaphansi kwalezi zipho zikamoya eziyisificamunwemunye zisebenza ngawe; ezinjengoku, tshumayela, abavangeli, abapostoli, abelusi, abaprofethi,...futhi zonke izipho zomzimba zingena kulokhu, lapho ubhaphathizwa kulumzimba. Futhi lokho...akukwenzi umKhristu owengeziweyo, kuyakubeka nje endaweni endaweni yokuba ngumoya osebenzayo eBandleni likaNkulunkulu ophilayo. Manje liyakuthola? Bona?

<sup>370</sup> Manje umbuzo yikuthi...Asiyiphenduleni nje munye ngamunye, kulemibuzo emithathu.

**“NgoMoya munye sonke sibhaphathizelwe emzimbeni kaKhristu.”**

Lokho kuqondile, AbaseKhorinte bokuQala 12 kuzanika impendulo kulokho. Kulungile.

**Ngalesosikhathi sisamukela ukuzalwa okutsha, lokhu kuthathi indawo? Ngabe lokho kunini?**

<sup>371</sup> Yikho lokho abafuna ukubakwazi, yebo... “NgoMoya munye...” Hatshi. Hatshi. “NgoMoya munye sonke sibhaphathizelwe emzimbeni munye.” Bona, lokho akusikho lapho ukuzalwa okutsha okuqala khona, ukuzalwa okutsha kuqala lapho *ukholwa* eNkosini uJesu.

<sup>372</sup> Manje bona, kakula i...kakulanto eyodwa... Manje lalela. Kuyini ongakwenza ngaphandle ukholwe? Kuyini okunye ongakwenza? Kuyini ongakwenza ngakho ukwedlula ukukukholwa nje? Ngitsheli into eyodwa ongayenza. Kakula ngitshe into eyodwa ongayenza ngaphandle kokuKukholwa. Manje, nxa ulutho lusiza ngaphandle kokukholwa kwakho, akusikho ukwenza kwakho, kuyikwenza kukaNkulunkulu. Ngakho-ke...

<sup>373</sup> Manje nxa singatsho ukuthi lapho u... Izikhathi ezinengi ngibone, izikhathi ezinengi, abantu besamukela “ubufakazi bokukala bokukhuluma ngendimi” njengoMoya oNgcwele. Futhi kwezinye izikhathi ukunyikinya abantu, kumbe ubatshaye futhi ubambambathe, usithi, “Kukhulume. Kukhulume. Kukhulume. Kukhulume.” Liyazi, bephinda ilizwi njalo njalo, “Kukhulume. Kukhulume. Kukhulume.” Bona, kuyinto oyenzayo ngokwakho. Futhi—futhi—futhi akukwenzi... akukwenzi... a—akusilutho. Ungathola ukudideka kwendimi. Ungathola i—izinto ezinengi, lemizwa. Kodwa nxa enye into iphuma ngaphandle kokukholwa okuqondene lawe, kufanele kube yisipho sikaMoya kaNkulunkulu esinikezwe kuwe. Bona?

<sup>374</sup> “Futhi ngoMoya munye sonke sibhaphathizelwe emzimbeni munye.” Lokho kuqondile, bona. UBhaphathizo lukaMoya oNgcwele yisenzo esahlukileyo ekuzalweni okutsha. Okunye yikuzalwa, okunye lubhaphathizo. Okunye kukulethela iMpilo elaPhakade, okunye kukunika amandla. Kunika amandla eMpilweni elaPhakade, bona, ukusebenza. Manje likutholile? Kuhle. Kulungile.

<sup>375</sup> Manje nanku omunye, kuza owesibili, emihle engabalayo ngalobobusuku:

**61. Wawungaphi uMoya kaJesu insuku ezintathu umzimba Wakhe usethuneni? Wawungaphi uMoya Wakhe?**

<sup>376</sup> Manje, umoya Wakhe, nxa ungalandela iMibhalo,... awu, singaletha indawo ezinengi. Kodwa, angazi, ngubani oleBhayibhili? Mfowethu Stricker, uleBhayibhili na? Kulungile. Mfowethu Neville, ulalo elliodwa? Ngitholele amaHubo 16:10. Futhi ngubani omunye? Dade Wood, ule Bhayibhili lapho? Awu, Mfowethu Stricker, (kulungile, loba ngubani), ungitholele Imisebenzi 2:27, Imisebenzi 2:27.

<sup>377</sup> Futhi manje, indawo yokuqala, lapho uJesu esifa... Lapho usifa, umzimba wakho uyafa. Ibala *ukufa* litsho

“ukwehlukana,” ukwehlukanisa nje labathandekayo bakho. Kodwa lapha Wakhulumu lokhu, kuJohane oNgcwele, isahluko 11, “Lowo ozwayo...” Hatshi...Ngiyaxolisa; lokho kukuJohane oNgcwele 5:24, “Lowo ozwayo aMazwi Ami uleMpilo elaPhakade.”

<sup>378</sup> UJesu wathi kuMaritha, oweza ukuzoMhlangabeza,... Wathi, “Aluba Wena ubulapha, umfowethu wayengabe engafanga. Kodwa loba manje, loba yini Oyicela uNkulunkulu, uNkulunkulu uzakuKunika.”

<sup>379</sup> Wathi, “NgiyikuVuka lokuPhila.” Bona? “Lowo okholwa Kimi, loba ubefile, kanti uzaphila; futhi loba ngubani ophilayo njalo akholwe Kimi, akasoze afe.”

<sup>380</sup> Manje—manje, kule ngxene yeihu engafiyo. Futhi njengoba ngisanda kungena emzileni weMibhalo, yonke into elesiqalo ilesiphetho. Yizinto ezingela siqalo lezo ezingela siphetho. Ngakho-ke lapho sisamukela uKhristu, uNkulunkulu, siba ngamadodana lamadodakazi kaNkulunkulu, futhi iMpilo yeihu ayila siphetho njengeMpilo kaNkulunkulu ingela siphetho; silePhakade.

<sup>381</sup> Manje, ibala *nininini*, sedlule kulo. Ibala *nininini* li “yibanga lesikhathi,” nininini *la* (isihlanganiso) nininini. Futhi sithole ukuthi lapha ukuthi kule—kulesiphetho, njengakho konke ukuhlupheka, futhi konke ukugula, losizi lonke, lokujeziswa konke, lesihogo ngokwaso silesiphetho.

<sup>382</sup> Kodwa iMpilo elaPhakade ayila siphetho, ngoba yaYingela siqalo. Ayingeke ife ngoba kayizange Izalwe. Yayingela siqalo sezinsuku, Ayila siphetho sesikhathi. Manje, indlela kuphela esingaphila ngayo laPhakade, kungokwamukela into elaPhakade. Futhi uNkulunkulu wayenjalo; kungakabi lolutho, kwakunguNkulunkulu. UNkulunkulu kakaze abelesiqalo kumbe isiphetho.

<sup>383</sup> Futhi uNkulunkulu wayenguMoya lowu omkhulu. SiMfanekisile njenge—ngemibala eyisikhombisa yomchilo wamakhosikazi lowo omboza... Umchilo ngempela ungamboza umhlabu nxa ungazange utshaye umhlabu. Kungamanzi nje endingilizini yokugungubala komhlabu, lokho okukwenzayo. Kodwa, manje, njengoba uNkulunkulu engulaPhakade, futhi WayePhelele: uthando olupheleleyo, ukuthula okupheleleyo, intokozo epheleleyo, ukusuthiseka okupheleleyo. Yonke leyo mimoya eyisikhombisa (njengoba singena kuSambulo), yaphuma; yenza uNkulunkulu, kwakuyikuphelela. Yonke enye into ngaphandle kwalokho bekungenye into ephambukisiweyo kuLokho.

<sup>384</sup> Manje indlela kuphela esingabuya ngayo ekuphelelisweni, yikuphenduka laLokho (ukuphelela, okunguNkulunkulu). Khona-ke sibuya ekuphelelisweni, khona-ke sileMpilo

elaPhakade; kungela siphetho, kumbe kungela—kungela lutho, kuyiMpilo elaPhakade nje kuze kube nininini.

<sup>385</sup> Manje ukhuluma ngomphefumulo... umoya. Ngoba siyathwalela imizimba yethu emangewabeni yabangcwele bethu, okwalumzimba. Futhi umzimba... Ekuqaleni, lapho uNkulunkulu, iLogos eyaphuma kuNkulunkulu...

<sup>386</sup> Kumbe, njengoba ngidlule kukho, amaKatolika akubiza Ngokuthi, “ubudodana obulaPhakade bukaNkulunkulu.” Okuyikuthi, njengoba ngikhulumile ngaphambili, ilizwi aliqedakali. Bona, akungeke cube lendodana elaPhakade, ngoba indodana kwakufanele ibe lesiqalo. Futhi-ke uJesu wayelesiqalo, uNkulunkulu wayengela siqalo. Bona? Kodwa iNdodana yayiyi... hatshi ubudodana obulaPhakade, kodwa iNdodana eyayi loBaba ekuqaleni yaye iyiLogos eyaphuma kuNkulunkulu.

<sup>387</sup> Futhi kwaku yitiyofani kaNkulunkulu leyo eyaphumayo. Isimo somuntu esasingela mehlo njengokuba libona; ilihlo elingcono. Yayingela ndlebe njengoba lisizwa, kodwa ukuzwa okwedlulisileyo. Bona, Kwakuyi tiyofani, ukuthi, wonke lumchilo wamakhosikazi wehla wangena phakathi kwe—kwetiyofani. UMose waYibona lapho Isedlula edwaleni njenga lokho. Wabona umhlane, wathi, “Yayikhangeleka njengomuntu.”

<sup>388</sup> UAbrahama wambona lapho Engena phakathi enyameni yomuntu futhi wadla ithole, wanatha uchago, wadla ulaza. UAbrahama waMbona lapho Engena nje, futhi wanyamalala khona kiyo. Safumana ukuthi imizimba yethu yenziwe ngezakhamzimba ezilitshumi lesithupha zomhlaba, zeza nje ndawonye. Futhi uNkulunkulu wazifaka ndawonye, futhi wafaka iNgilosi ezimbili kulimzimba; INgilosi ezema futhi zakhuluma. Futhi iNgilosi zazingabantu ngesinye... futhi kuleso sikhathi.

<sup>389</sup> Manje nanzeleta, siyafumana ukuthi, Wayegubani uMelikhizedeki kodwa uNkulunkulu Ngokwakhe! Kwakungeke cube ngomunye umuntu, ngoba WayeyiNkosi yaseSalema okuyi Jerusalema. Wayengela baba kumbe umama; wayengeke abe nguJesu, ngoba Wayelobaba lomama. Wayengela siqalo sezinsuku, kumbe isiphetho sempilo; kuloYedwa kuphela olalokho, lowo nguNkulunkulu. Kwakungu Nkulunkulu ehlezi lapha kutiyofani. Bona? Nanzeleta, iNkosi yaseSalema.

<sup>390</sup> Manje, uNkulunkulu uphile esikhathini, ebantwini Bakhe. KwakunguNkulunkulu owayekuDavida, owamenza wahlala phezu kwentaba, futhi njengenkosi eyaliweyo, futhi wakhala. Lowo Moya ofanayo wabonakaliswa kuJesu iNdodana kaDavida, Owalahlwayo eJerusalema futhi wakhala.

<sup>391</sup> UJosefa, wathengiswa ngezinhlamvu ezingamatshumi amathathu zesiliva, wazondwa ngumfowakhe, ethandwa

nguyise, ehlezi esandleni sokudla sikaFaro, futhi akula muntu owayengabuya ngaphandle lapho enga...engabuya ngoJosefa, futhi uphondo lwakhala futhi idolo lonke laguqa phansi kuJosefa: umfanekiso opheleleyo kaKhristu. Lowo kwakunguMoya kaKhristu owawuphila ngakulawo madoda. Bona?

<sup>392</sup> Manje, manje lapha uJesu esifa, kwakunguNkulunkulu ebonakalisiwe enyameni. UNkulunkulu waba ngumuntu. Emilayweni yokuhlengwa, indlela kuphela umuntu ayengahlenga ilifa eliahlekileyo likaIsrayeli, wayemele abe yisihlobo. Wayemele abe yisihlobo esiseduze. IBhuku likaRuthe liyakuchasisa kuhle; futhi kwakumele abe yisihlobo. Ngakho uNkulunkulu wayemele abe yisihlobo emuntwini, ukuze umuntu angaba yisihlobo kuNkulunkulu. Bona?

<sup>393</sup> Ulomoya kuye, umuntu uyakwenza lapho ezalwa, ngoba kungumoya wemvelo. Ngumoya womhlaba, ngumoya oka—oka nkulunkulu walumhlaba. Uyinzalo nje ka Adamu.

<sup>394</sup> Isihlahla siyazizala ngokwaso. Izilimo ziyazizala. Inyamazana ziyazizala ngokwazo. Abantu bayazizala ngokwabo. Bavela endalweni yasekuqaleni. Liyakuthola?

<sup>395</sup> Manje, manje lapho umuntu ezelwe, usezelwe elomoja phakathi kwakhe walumhlaba. Yiso isizatho kumele azalwe kutsha. Ngoba lumoya wabuya uvela ekuzalweni ngubaba lomama, okwakuyikuzalwa ngokwasemacansini, futhi impela wayengeke aphile kuze kube nininini. Ngakho kumele azalwe kutsha. Futhi engakakwenzi lokho, uNkulunkulu kwakufanele ehle phansi futhi amenzele indlela yokuzalwa kutsha; ngoba wayengela enye indlela yokuzihlenga, wayengela themba. Kazange...engela themba, engela Nkulunkulu, engela Khristu, emhlaben, elahlekile futhi engasekho. Yena—yena...akulanto ayengayenza ukuzisindisa. Yena...konke...Kungelandaba loba wayengumpristi omkhulu, loba waye ngubhishopi, loba wayengupapa, loba yini ayeyikho, ulecalal njengomuntu olandelayo.

<sup>396</sup> Ngakho, kwakumele kuthathe Lowo owayengelacala, ukukwenza. Futhi Lowo kuphela owayengelacala kwakunguNkulunkulu Ngokwakhe. Futhi uNkulunkulu kwakumele ehle phansi futhi abe ngumuntu (futhi Wabuya esimweni sikaKhristu) ukugxilisa udonsi lokufa, ukukhupha udonsi lokufa, ukusihlenga, ukuthi thina...hatshi ngemisebenzi yethu kumbe ngokulunga kwethu (kasilakho), kodwa ngomusa Wakhe, ukusindiswa. Khona-ke siyemukela okweMpilo Yakhe kulumzimba ofayo, futhi manje singamadodana lamadodakazi kaNkulunkulu, futhi sileMpilo elaPhakade phakathi kwethu. Singamadodana lamadodakazi kaNkulunkulu. Ngakho-ke, uJesu, ephila...

<sup>397</sup> Futhi akula muntu, kungelandaba ukuthi mubi okunganani kumbe muhle okunganani, lapho kumele a...lapho etshiya lumhlaba, akafanga. Ukwenye indawo. Kodwa ulempilo ezabhubha, ngemva kokuba esejezisiwe esihogweni ngenxa yezenzo zakhe, yena...kukanti leyo mpilo kumele iphele. Kulohlobo olulodwa kuphela lwempilo elaPhakade.

<sup>398</sup> Manje, sesidlulile kulokho. Nxa umuntu engaba yisoni futhi ajeziswe okwanininini...Angeke ajeziswe okwanininini ngaphandle eleMpilo elaPhakade. Nxa eleMpilo elaPhakade, usindisiwe. Bona? Ngakho kulohlobo olulodwa lweMpilo elaPhakade, futhi yiZoe, “iMpilo kaNkulunkulu.” Futhi angeke abhubhe.

<sup>399</sup> Kodwa ababi basendaweni yo—yokulindela (ekuhlukuluzweni) ngoba ukwahlulelwa kwabo (ukuya kwahlulelwa ngokwemisebenzi eyenziweyo emzimbeni) ngosuku lokucina. Manje, kodwa thina...Ezinye izono zabantu zihamba phambi kwabo, abanye zilandela ngemva kwabo.

<sup>400</sup> Manje nxa sivuma izono zethu, Ulungile ukusithethelela, ngakho-ke asisoke sime ekwahlulelweni kukaNkulunkulu. Liyakuthola? Khangela, abaseRoma 8:1, “Kakusela kulahlwa kubo abakuKhristu Jesu.” Labo ABA kuKhristu. Labo abedlule ekufeni bangena ekuPhileni; bona, asilakulahlwa futhi sasikuKhristu Jesu. “Labo abangahambi ngokwenyama, kodwa ngokukaMoya.” Bona? “Lowo ozwa aMazwi Ami, akholwe Kuye oNgithumileyo, uleMpilo elaPhakade.”

<sup>401</sup> Futhi uba ngamukelwa kuKhristu, futhi uKhristu wathatha ukwahlulelwa kwami, futhi ngamukela inhlawulo Yakhe yezenzo zami, uNkulunkulu angangahlulela kanjani? Sewaqeda ukungahlulela, lapho Esahlulela uKhristu. Khonake sengikhululekile ekwahlulelweni. “Khona-ke lapho Ngibona iGazi, Ngizakwedllula kini.” Bona?

<sup>402</sup> Kodwa, manje, lowo omubi akekho njalo. Uya endaweni yokuhlukuluzwa. Futhi siyawazi ukuthi lokho liqiniso. Omubi uyaphila. Usendaweni yokuhlukuluzwa. Usendaweni lapho angakwazi khona...Yiyo indlela laba abamadlozi lezanuse babiza imoya yabantu eseyahambayo, olunye uhlobo lokudlala lensomo ezingcolileyo lezinto abazikhulumayo, nxa lake labona loba kuphi kwakho. Kulungile. Ngani? Abakwenzi...

<sup>403</sup> Khangela luNkosazana Piper, ngaphambi kokuba indatshana yami isihambile *Eye Simanga Sika Donny Morton*. Bangaki ababala leyo ndatshana? Yebo, inengi lenu layibalala, sibili. Futhi ikuReader's Digest. Like lananzelela? Ngaphambi kwalokho nje, kusiya kuNkosazana Piper, owezamadlozi umhlaba ongakaze ubekwazi. Amapheji alitshumi lambili anikezwa endaben'i yakhe. Futhi okweminyaka engamatshumi amahlanu...Babelaye yonke indawo emhlaben'i, futhi befakaza ngokwesayensi layo yonke into, ukuthi “impela uyakhulumma

labafileyo, futhi abantu bayabuya." Ini? IBizo likaNkulunkulu alikhulunywanga lasikhathi sinye, akula kuphenduka, akula kusiliswa kwaPhezulu, akulalutho mayelana Ngakho, bona.

<sup>404</sup> Into kuphela eyayikhona, kwakungabantu labo abaqanjiewyo, "John, kawungazi na? Ngingu George owayesendaweni *ethile*, futhi ngenza *okunje-lo-kunje* futhi *lokunje-lo-kunje*. Uyakhumbula leyo ndawo esahamba kiyō futhi senza lokhu?" Bona, yikho kuphela abakwaziyo. Kabasekho. Bedlule kusukela...Aba—abasilutho oluseleyo kodwa ukwahlulelwa.

<sup>405</sup> Lapho isihlahla esilengele khona, yikho lapho esiwela khona. Futhi isimo ofa...Yiso isizatho ngisehlukana lokukhulekela abofileyo, bona, ukunxusela kwemikhuleko kumbe—kumbe ubudlelwano babangewe lokunjalo. Akungeke kubenjalo, ngokweLizwi likaNkulunkulu. Akuncedi lutho ukukhulekela loba ngubani emva esedlule. Sebephelile. Banga...sebe...Bedlule umzila phakathi kwesihawu lokwahlulelwa. Bangabe behambe esihawini, kumbe basuka esihawini. UJesu watsho njalo, esahlukweni 16 sika Mathewu oNgewe, Wa—Wa—Wakufundisa; isahluko 16 sikaMakho, ngiyakholwa kuyikho. Indoda enothileyo loLazalo; akula muntu ongachapha lolugebe, futhi kawusoze uchaphele phetsheya! Nanko-ke. Bona? Ngakho kuyaqedha indaba.

<sup>406</sup> Manje, kodwa lapho uKhristu esifa, yonke into yayifanele ifakaze ukuthi WayenguKhristu. Manje kasiyeni embuzwensi wakho. Into yokuqala, izinkanyezi zayala ukukhanya, ilanga latshona, inyanga kayiphanga ukukhanya kwayo, umhlaba waqhekeza amadwala awo, ekufeni Kwakhe. Futhi Wahamba wayatshumayela emiphefumulweni eyayise ntolongweni, engazange iphenduke ekubekezeleni kwensuku zikaNowa. Yena, kwakufanele baqaphele. Khangela kulokho! Futhi nxä kungenzeka ukuba lesoni lapha lobibusuku kucabange lokho okomzuzu. Ngolunye usuku leliVangeli olizwayo litshunyayelwa khona manje, uzafakaza ngalo. Kwenye indawo uzaguqa ngedolo lakho, kungenani lokuthi ungubani. Kungaba yiminyaka eyizinkulungwane ezilitshumi kusukela lamuhla, kungekela ukuba njalo kuze kube...ekuseni. Loba kuzakuba nini, uzakukhothama kwenye indawo, futhi uzakuzwa leliVangeli elifanayo litshunyayelwa likuphendukela.

<sup>407</sup> Ngoba emva kwaleyo miphefumulo esentolongweni, engazange iphenduke lapho uEnoki lalapho bonke betshumayela, futhi uNowa...futhi ngokubekezelha kukaNkulunkulu, njengoba kunjalo manje, kulindele leso sikhathi ukuthi sibuye. Futhi uNowa loEnoki futhi labo bonke batshumayela, futhi labo bantu bahleka futhi benza inhlekisa ngabo. Futhi babesendlini yentolongo, futhi uJesu wahamba watshumayela emiphefumulweni eyayisentolongweni. Wafakaza! Amazulu afakaza ukuthi Wayenguye, umhlaba

wafakaza ukuthi Wayenguye, isihogo safakaza ukuthi Wayenguye!

<sup>408</sup> IBhayibhili lathi ukuthi ku... UDavida, iminyaka eminengi edluleyo, kumaHubo... Kulungile, Mfowethu, bala amaHubo, nxa uthanda lapho. AmaHubo 16:10. [UMfowethu Neville ubala uMbhalo—Mhl.]

[*Ngoba kawuyi kutshiya umphefumulo wami esihogweni; njalo kawuyi kuvumela ONgcwele wakho ukuthi abone ukubola.*]

<sup>409</sup> Bala into efanayo, mfowethu, lapho uPetro atshumayela khona, kuMisebenzi, isahluko 2, indima 27. [UMfowethu Stricker ubala uMbhalo—Mhl.]

[*Ngoba kawuyi kutshiya umphefumulo wami esihogweni, njalo kawuyi kuyekela ONgcwele wakho ukuthi abone ukubola.*]

<sup>410</sup> Bala indima ezimbili phezu kwazo, mfowethu, ukuze uthole indikimba yakho.

[*Ngoba uDavida uthi Ngaye, Ngabona ngaphambili iNkosi njalonjalo phambi kobuso bami, ngoba ingasokunene sami, ukuze nginganyikinyeki:*]

[*Ngakho-ke inhliziyi yami yajabula, lolimi lwami lwathokoza; ngitsho lenyama yami izahlala ethembeni:*]

[*Ngoba kawuyi kutshiya umphefumulo wami esihogweni, njalo kawuyi kawuyikuyekela ONgcwele wakho ukuthi abone ukubola.*]

<sup>411</sup> Bala indima elandelayo manje.

[*Ungazise indlela zempilo; uzangenza ngigcwale ngenjabulo lobuso bakho.*]

<sup>412</sup> Yebo, nanzelela. Manje, mngane wami weJehova Witness, ngizathanda ukukubuza ngalokho. Bona? Nxa isihogo siyindawo, iHayidesi, iShiyoli, loba yini elifisa ukukubiza khona, nxa lokho kuphela engcwaben, khona-ke kungani Wathi, “Angiyi kutshiya umphefumulo Wami esihogweni, njalo angisoze ngivumele ONgcwele Wakho ukuthi abone ukubola”? Uthini ngalokho? Bona?

<sup>413</sup> Nanku umzimba Wakhe ulapha, engcwaben; futhi umphefumulo Wakhe wawusesihogweni, utshumayela, uphila! Uthini ngalokho? Wayekutiyofani Yakhe njalo. Umphefumulo wakhe wawuphansi lapho lalabo bantu ababekutiyofani futhi. Futhi efakaza kibo, ukuthi kaba “zange baphenduke ekubekezeleni.”

<sup>414</sup> Yena... Ngamanye amazwi, Wayeqoqode emnyango. Futhi lapho umnyango uvuleka, futhi yonke leyo miphefumulo eyaphendukayo, Wathi, “NgiyiNzalo yomfazi. Nginguye Lowo uEnoki lapha...” Ngale eParadise, enye indawo.

Ungalahlekelwa zindawo lezo ezintathu, manje: indawo yababi, indawo yabalungileyo, lesihogo ngokwaso. Bona?

<sup>415</sup> Njengobuthathu baseZulwini, njengo: Baba, iNdodana, loMoya oNgcwele. Njengobuthathu besilo: umprofethi wamanga, isilo, lo-lophawu lwesilo. Lakho konke lokho, khumbula, konke kusebuthathwini. Ubuthathu benza okukodwa, kuphelelisiwe. Oyedwa uphelelisiwe. Uphelelisiwe, oyedwa kokuthathu, umzimba, umphefumulo lomoya; amanzi, igazi, lemizwa. Bona, loba yini owawuyikho, kufanele uthathe okuthathu ukwenza ophelelisiweyo. Thatha isiqa esilamakhona amathathu futhi ufake ilanga kiso, ulomchilo wamakhosikazi ophelelisiweyo. Bona, yonke into, kumele ube lokuthathu ukwenza opheleleleyo.

<sup>416</sup> Futhi manje, khumbula lokho, lapho Esifa, Wahamba kuqala futhi watshumayela emiphefumulweni eyayingekho entolongweni... eyayisentolongweni, njalo wafakaza ukuthi Wayeyi "Nzalo yomfazi." Waye "Nguye lowo uEnoki ambona esiza labangcwele abazinkulungwane ezilitshumi zabangcwele Bakhe." Wayemele afakaze iMibhalo eyayitshunayelwe nguNowa, langoEnoki, futhi ngolungileyo, ukuthi "Waye nguye Lowo." Yonke into kwakufanele iKunanzelele!

<sup>417</sup> Khona-ke Wehlela esihogweni, futhi wamukela izihluthulelo zokufa lesihogo kudeveli.

<sup>418</sup> Waphenduka eParadise; futhi waletha uAbrahama, uIsaka, loJakhobe, labalungileyo; futhi wavusa (Mathewu 27), futhi baphuma engcwabeni futhi bangena edolobheni, futhi wabonakala ebantwini esitaladeni. Haleluya! Nanko-ke!

<sup>419</sup> Manje, kodwa umzimba Wakhe... Lapho umphefumulo Wakhe wawungapha ufakazela abalahlekileyo, phansi lapha ethatha izihluthulelo kudeveli, futhi ephenduka futhi eletha uAbrahama loIsaka; Umphefumulo wakhe wawulele phakathi e... Umphefumulo wakhe wawuphansi lapho ukwenza, futhi umzimba Wakhe wawulele engcwabeni. Yiso isizatho uJesu wathi... Abantu bathi, "Awu, kungani uJesu esithi, 'Insuku ezintathu, Ngizalivusa. Insuku ezintathu Ngizavuka.'? Wa—Wafa ngoLwesihlanu emini, wavuka ngeSonto ekuseni."

<sup>420</sup> Kodwa khangela, kwaku "*phakathi* kwensuku ezintathu," nxa ungathatha isichazamazwi. Ngoba Wayekwazi ukuthi uDavida, ngaphansi kogcobo (ugcobo luka Moya oNgcwele), wathi, "Kangiyi kuvumela ONGcwele Wami ukuthi abone ukubola." Wayekwazi ukuthi kumayelana Ngaye. Wakwazi ukuthi lokho kwakusitsho Yena. Waye NgoNgcwele kaNkulunkulu, futhi Wayekwazi ukuthi ukubola kungena phakathi kwamahola angamatshumi ayisikhombisa lambili. Kwenye indawo phakathi kwazo insuku ezintathu, Wayephuma phakathi lapho njalo, ngoba iMibhalo ayingeke yephulwe.

